

Lapho Uwedwa



ISABATHA EMINI

Funda Kuleliviki:

Mshum. 4:9–12, Filip. 4:11–13, 1 Kor. 7:25–34, Mat. 19:8, Gen. 37:34, Isa. 54:5.

Indimana Yekhanda:

“UJehova uNkulunkulu wathi: ‘Akukuhle ukuba umuntu ahlale yedwa. Ngizakumenzela umsizi onjengaye’ ”(Genesis 2:18, NKJV).

Indaba ethathekisayo kepha ibuhlungu yaba ngendaba mlonyeni eminyakeni edlule. Owesifazane osemusha wayetholwe egumbini lakhe efile. Nakuba ukufa kwakuyinhlekele ngokwako, okwenza lendaba ibe yimbi kakhulu kwakungukuthi lowesifazane wayesele iminyaka engaphezule kweyishumi ngaphambi kokuba atholakale. Iminyaka eyishumi! Ngalokho, umbuzo abantu ababewubuzile, futhi ufanelekile, kwakuyilona: Kwenzeka kanjani edolobheni elikhulu njengaleli, elinabantu abaningi, elinezindlela eziningi zokuxhumana, ukuba owesifazane, owayengesona iseqamgwaqo, abe nogfe isikhathi esingaka kungekho owaziyo na?

nakuba iyihaba, lendaba iyisbonelo seqiniso elithile: abantu abaningi babulawa ngumzwangedwa. Ngo-2016, i-New York Times yashicilela indaba enesihloko, “Abaphandi BanqwamanaNesifo Somzwangedwa.” Lenkinga ngeyangempela. Kusukela ekuqaleni, thina njengesintu sasingadalelwe ukuba ngasodwana. Kusukela eEdeni kuye phambili, kwakumele siphile ngobudlelwane nabanye abantu ngezinga elithile. Nembala, isono sangena, futhi akuzange kulunge lutho emuva kwalokho. Kuleliviki sizobuka umbuzo wobungani kanye nomzwangedwa ezikhathini ezahlukene zokuphila, mhlawumbe, sonke esesike sabhekana nako. Uma ungakaze, zibale njengonenhlanhla.

**Funda isifundo saleliviki ukulungiselela iSabatha lika-April 27.*

Ubungani

Funda Umshumayeli 4:9–12. Yimuphi umqondo olapha na? Yisiphi isimiso sempilo okukhulunywa ngaso lapha na?

Bambalwa kithina abangaphumelela bebodwa. Nakuba singabantu abazihlalela bodwa futhi bethanda ukuba bodwa, kungekudala asifuni nje ubungani kepha singabudinga, ikakhulu ngezikhathi zenswelo. Nembala, senzewe umphakathi, ubudlelwane. Banehlhlala labo abanamulungu asondele omndeni abangabanikeza induduzo noxhaso, ikakhulu ngezikhathi zenswelo. Ngeshwa, kunabantu ebandleni lethu, lapho sisebenza khona, emiphakathini esihlala kuyo, abangenabani abangakhalela kuye, hhayi kuphela ngezikhathi zenswelo, kodwa nalapho bedinga umuntu abangakhuluma naye ekupheleni kosuku. Umuzwa womzwangedwa ungafika noma yinini. “Usuku olulukhuni kunazo zonke kimina,” kusho insizwa esentsha engashadile, “yiSonto. Phakathi neviki ngizungezwe ngabantu emsebenzini. NgeSabatha ngibona abantu enkonzweni. Kepha ngeSonto ngingedwa.”

Yiziphi izimiso esingazifunda kwizahluko ezilandelayo, ikakhulu lapho sidlula esikhathini somzwangedwa na? Johane 16:32, 33; Fil. 4:11–13.

Yebo, njengamaKristu asinalo nje kuphela iqiniso likaNkulunkulu kodwa sineqiniso lokukwazi ukuba nobudlelwane NoNkulunkulu. Futhi singakwazi, nembala, ukuthola induduzo ekusondelaneni kukaNkulunkulu kithina. Kepha ukusondelana kukaNkulunkulu kuAdamu, eEdene, akuzange kuvimbe iNkosi ukuba ithi “ ‘Akukuhle ukuba umuntu ahlale yedwa’ ” (Gen. 2:18, NKJV). Ngalokho, uNkulunkulu wayazi ukuthi uAdamu, nakuba enobudlelwane NoNkulunkulu emhlabeni ongoniwe yisono, wayesadinga ubungani bomuntu. Kangakanani, ke, thina sonke ekudingeni kwethu ubungani. Kumele siqaphele, futhi, ekucabangeni ukuthi ngenxa yokuthi kunabantu abaningi, umuntu akakwazi ukuba nesizungu. Abanye balabo abanomzwangedwa kakhulu bahlala emadolobheni amakhulu lapho bevame ukuxhumana nabantu. Ukuthi uphakathi kwabanye abantu akusho ukuthi ngeke wazizwa uwedwa futhi uqheliwe futhi udinga ubudlelwane.

Akulula ngasosonke isikhathi ukwazi ukuthi ngubani onomzwangedwa, oqheliwe, olahliwe, noma nje ozizwa ebuhlungu futhi edinga othile, okungenani, angakhuluma naye. Ungalithatha kanjani iqhaza lokuba ube nozwelo kunoma ngubani okulesisimo na?

Impilo Yokungaganwa

Owesifazane osemusha wakhuluma ngezinzuzo zokungaganwa: “Kabili ngaba nethuba lokuya kosebenza njengomvangeli kwelinye izwe, futhi ngaphendula ngokushesha.” Umuntu oganile, onomndeni, angase athathe isikhathi esilulekile ukuba enze lesosinqumo ngoba asithinti yena kuphela kodwa ashade naye kanye nabantwana.

NgokukaPawule, yiziphi izizathu ezinhle zokungaganwa na? 1 Kor. 7:25–34, NKJV.

Iningi labantu licabanga ukuthi ukuganwa kuyintando kaNkulunkulu ngabo. Akazange yini athi, “ ‘Akukuhle ukuba umuntu ahlale yedwa na?’ ” Kepha, sinezibonelo eziningi eBhayibhelini zabantu ababengaganile, kuhlange nesibonelo esikhulu kunazozonke, uJesu Kristu. UJeremiya watshelwa ukuba ashade (Jer. 16:1–3); kwakuyisimo somlando wokwahlulela. Asazi noma lowomkhawulo wake wasuswa, kodwa kusobala ukuthi uJeremiya wayengumprofethi omkhulu engakashadi.

Futhi, isimo sokushada sika-Ezekiel akubukeki kuyinto eyayibaluleke kakhulu, nakuba umkakhe wafa ngokuzuma. Akazange aze avunyelwe ukuba amzilele kodwa kwafuneke eqhubeke nomsebenzi uJehova ayeminikeze wona (Ezek. 24:15-18). Umprofethi uHoseya naye waba namava omshado ongazinzile, kodwa wakwazi ukuqhubeka emsebenzini kaJehova. Nakuba indaba ibukeka ingajwayelekile kithina, uNkulunkulu wathi kuye makahambe ayoshada isifebe uNkulunkulu ayazi kahle ukuthi sizomshiya uHoseya siye kwamanye amadoda (Hoseya 1-3). Sibuka emuva, sibona uNkulunkulu ezama ukungathekisa uthando oluqhamuka ohlangothini olulodwa ayenalo ngoIsrayeli kanye nathi, kodwa kwakulukhuni futhi kubuhlungu kuHoseya ukuba abe yisifundo.

Kulezizibonelo ngasinye, isimo sokuganwa sasingabalulekile. UNkulunkulu wayefuna ukuthembeka, ukulalela, kanye nekhono lomuntu ukuba asho lokho uNkulunkulu ayefuna akusho. Kumele siqiniseke ukuthi izimpilo zethu azichazwa yisimo sethu sokuganwa. Amazwi amaningi namuhla asitshela ukuthi ngaphandle kokuthi sibe siganile asiphelele. UPawule uezophendula, “Ningafani nabantu baelizwe.” Kunalokho, “nikelani imizimba yenu kuye njengomhlatshelelo ophilayo, omsulwa nothokozisayo” (Rom. 12:1, 2, CEV).

Yiziphi izindlela eziphathekayo ongasebenzela ngazo labo abangashadile, abangamalungu ebandla nabangewona amalungu ebandla na?

Lapho Umshado Uphela

Kuzo zonke izindlela isono esibhubhise ngaso isintu, ngaphandle kokuhlupheka enyameni nokufa, yikuphi okubhekane nemiphumela ebuhlungu kakhulu esonweni kunomndeni na? Sekucishe kubesengathi isisho esithi, “umndeni ofile” asisadingeki. Yimuphi umndeni ngezinga elithile ongafike na? Ngaphandle kokufa, enye yezinto ezilukhuni kunazo zonke umndeni ongabhekana nazo ngukwehlukana umshado. Abantu abadlula kulamava amabi kakhulu badlula kwimizwa eminingi. Mhlawumbe owokuqala futhi novamile ngowosizi, okuthi, ngokuncike kumuntu, ongathatha izinyanga ezingana kuye eminyakeni eminingana ngokuqina kwamazinga ehlukeni. Abanye bangaba nokwesaba; ukusaba abangakwazi, ukuxakaniseka ngokwezimali, Kanye nokwesaba ukungakwazi ukumelana nezinto. Abanye bangadlula esikhathini sengcindezi, intukuthelo, futhi nembala—umzwangedwa.

Yiziphi izimiso ezibanzi mayelana nokuhlukanisa umshado esingazithola kulezizindimana na? Mal. 2:16; Mat. 5:31, 32; 19:8; 1 Kor. 7:11–13.

“Ibandla liyigatsha lokuhlenga likaKristu ukusebenzela amalungu alo kuzo zonke izidingo zawo kanye nokondla wonke umuntu ukuze bakhulele emaveni aqinile obuKristu. Lokhu kuyiqiniso kakhulu lapho amalungu ebhekene nezinqumo zokuphila njengokushada kanye namava anengcindezi njengalawo okwehlukana umshado. Lapho umshado wababili usengozini yokwephuka, yonke imizamo kumele yenziwe yilabo abashadile Kanye nalabo abasebandleni noma umndeni ababasebenzayo ukuba kube nokubuyisana ekuzwaneni nezimiso ezingcewele zokuvuselela ubudlelwane obulimeleyo (Hoseya 3:1–3; 1 Kor. 7:10, 11; 13:4–7; Gal. 6:1).

“Izinsiza ezingaba wusizo kumalungu ekuthuthukiseni ikhaya eliqinile lobuKristu zikhona ebandleni nakwezinye izinhlangano. Lezizinsiza zimbakanya: (1) izinhlelo zokufundisa ababili abalungiselela umshado, (2) izinhlelo zokuqeqesha abashadile nemindeni yabo, kanye (3) nezinhlalo zokuphasa imindeni eyephukile kanye nalabo abahlukanise imishado.”—*The Seventh-day Adventist Church Manual*, 19th edition (Nampa, Idaho: Pacific Press Publishing Association, 2016), p. 161.

Yiziphi izindlela eziphathekayo futhi ezingenakwehlulela ongasiza ngazo othile obhekene nokwehlukana umshado na?

Ukufa kanye Nomzwangedwa

Othile wake wabuza umbuzo: Yini umehluko phakathi kwabantu Kanye nezinkukhu mayelana nodaba oluphathelele nokufa na? Impendulo yilena yokuthi, ngokungafani nezinkukhu, ezifayo, thina bantu, esifayo, futhi, siyazi ukuthi sizokufa. Izinkukhu azazi. Futhi yilolulwazi lokufa kwethu okuzayo oluthinta kakhulu indlela esiphila ngayo manje. Njengobasazi, bonkeubudlelwane, kuhlangene nomshado, kungekudala buyaphela ngesitha sethu esikhulu kunazo zonke: ukufa. Nakuba sisondelele kangakanani, nakuba sithandana kangakanani, nakuba ubungani bujule kangakanani, isikhathi esisichithe ndawonye, njengabantu (ngokungafani nezinkukhu) siyazi ukuthi kungekudala ukufa kuzofika (ngaphandle kokuba uJesu afike kuqala) futhi, uma kufika, bonke ubudlelwane bethu buyophela. Lokhu sekube yimpilo yethu kusukela esonweni sokuqala futhi kuyoba njalo kuze kubuye uJesu.

IBhayibheli alisitsheli ukuthi ngubani phakathi kwalaba ababili, uAdamu noma uEva, owafa kuqala, kodwa kusenokuba kwaba buhlungu kakhulu komunye wabo, ikakhulu njengoba ukufa kwakungefanelanga kube yingxenywe yempilo kwasekuqaleni. Uma, njengoba sibonile esifundweni esingaphambili, ukufa kweqabunga elilodwa kwabenza balila, ngubani ongacabanga abadlula kuko lapho kufa umlingani na? Inkinga wukuthi sesikujwayele kakhulu ukufa, sesikhuthatha njengento efanele. Kodwa kwakungamele kube yinto thina bantu esinamava ako. Yingakho, kuze kube namuhla, sizama ukukuqonda, ngenkathi, imvamisa, singeke sakwazi.

Izindimana ezilandelayo zisifundisani mayelana nokufa nangendlela abantu abaxakaniseka ngako na? Isa. 57:1;Samb. 21:4; 1 Thes. 4:17, 18; Mat. 5:4; 2 Sam. 18:33; Gen. 37:34.

Akubuzwa: asibhekani njekuphela neqiniso lokufa kwethu, sibhekana neqiniso lokufa kwabanye, esibathandayo, mhlawumbe okomngani omkhulu. Yingakho, kungekudala, iningi lethu lizobhekana nesikhathi somzwangedwa olethwa ngokufa komunye. Kulukhuni, kubuhlungu, futhi Ngezinye izikhathi singakwazi, futhi kufanele, sibange izithembiso zikaNkulunkulu. Nembala, kumlomhlaba wesono, nokuhlupheka, kanye nokufa, yikuphi okunye esinako na?

Ibandla okulona lingabasiza kanjani labo obaziyo ukuthi banomzwangedwa ngenxa yokufa kothandiwewo wabo na?

Wedwa Kwezikamoya

Owesifazane osemusha ogama lingu-Natalie wayeseshade iminyaka eyisikhombisa, ngokumenywa ngumngani, waya emihlanganweni yezovangelo ebandleni lama-Seventh-day Adventist endaweni. Eqinisekile ngalokho ayekufundile, wanikela inhliziyi yakhe kuKristu, waba namava okuzalwakabusha, futhi—ngaphandle kokungavumi okuqinile komyeni wakhe, abazali, abasemzini, kanye nomakhelwane—u-Natalie wangena ebandleni lama-Seventh-day Adventist. Futhi wahlela kabusha indlela yakhe yokuphila, kulolonke izinga, yahambisana nenkolo yakhe entsha. Njengoba ungacabanga, wabhekana nobunzima obukhulu; okwakwenza kube lukhuni kakhulu kwakungukuthi umyeni wakhe, owayelwa, futhi ngokufanelekile: “Angizange ngibhalisele Lokhu ngenkathi sishada. Ungumuntu omusha, futhi ngifuna loyamuntu omdala abuye.” Sekuyiminyaka eminingi manje, elwa nokuphila impilo yokukholwa. Nakuba eshadile, uyilokhu esingakubiza “uyedwa kwezikamoya.”

Yimaphi amazwi akhuthazayo esiwathola kwizindimana ezilandelayo kulabo abazizwa bebodwa kwezikamoya na? Isa. 54:5; Hos. 2:19, 20; Hub. 72:12.

Kuwo wonke umhlaba, kuno “Natalie” ebandleni lethu. Lababantu, amadoda nabafazi, bashadile kodwa beza enkonzweni bodwa noma nezingane zabo kuphela. Kusenokuba bashade nomuntu wenye inkolo. Noma mhlawumbe ngenkathi bengena ebandleni, abalingani babo abazange. Noma ngenkathi beshada, bobabili babengamalungu ebandla, kodwa oyedwa, ngasizathu esithile, wawa, wayeka ukuza, futhi kusenokuba akafuni nakuzwa ngenkolo. Lamadoda nabafazi beza enkonzweni bodwa Kanye nasesidlwani emuva kwenkonzo, noma bavangele bodwa noma beze kwizinto zenkonzo bodwa. Bayadabuka lapho bengakwazi ukuphasa ngezimali emsebenzini webandla njengalokhu befuna ngoba abashade nabo abavumi ukuba bakwenze lokho. Nakuba beshadile, bangaba nomuzwa wokuba ngabafelokazi nabafelwa kwezikamoya.

Yiziphi izinto eziphathekayo thina, njengomndeni webandla, esingazenza ukusiza abantu ababodwa kwezikamoya phakathi kwethu na?

Cabanga Kabanzi:

“Phakathi kwemisebenzi yokuphila, u-Enoke wayeqinisekile ekuxhumaneni kwakhe NoNkulunkulu. Lapho imisebenzi yakhe iqina, wayeqina naye emikhulekweni yakhe. Waqhubeka nokuzikhipha emphakathini ngezikhathi ezithile. Emuva kokuba phakathi kwabantu isikhathi eide, esebenzela inzuzo yabo ngokubafundisa nangesibonelo, wayemonyuka, ukuyochitha isikhathi eyedwa, elambelefuthiomelelololwaziolungcweleokunguNkulunkulu kuphela ongalunikeza. Exhumana kanjalo NoNkulunkulu, u-Enokewayangokuyavezezumfanekisoongcwele. Ubuso bakhe babukhanya ngokukhanya okungcwele, njengokukhanya okukhanya ebusweni kubaJesu. Lapho ebuya kulemihlangano engcwele, nalabo abangenabunkulunkulu babebuka ngokuthuthumele isitembu sezulu ebusweni bakhe.”—Ellen G. White, *Gospel Workers*, p. 52. Nakuba indaba ka-Enoke lapha ikhuthaza futhi inokuthile okunamandla ekushoyo ngalabo abakhetha ukuba nezikhathi zokuba bodwa, iningi libhekana nokuba bodwa abangakuhlelile. Abafuni ukuba bodwa. Yebo, futhi, singaba nokuxhumana kwenjabulo neNkosi, ekhona njalo, kodwa Ngezinye izikhathi silangazelela ubukhona babantu kanye nobudlelwane. Kusemqoka ke ukuthi, njengebandla, sikulungele ukufinyelela kulabo okungenzeka bahlezi eceleni kwethu enkonzweni maSabatha onke, kepha bedlula esikhathini esibi somzwangedwa. Kusenjalo, uma udlula esikhathini esinjalo, futhi othile obona ukuthi ungamethemba enkonzweni (nanomayikuphi) umazise. Izikhathi eziningi abantu abakwazi ukusho ngokubuka nje othile ukuthi uphethweyini. Kulula, okungenani kwabanye abantu, ukucasha ngale kwemaski.

Imibuzo Yokuxoxisana:

1. Ibandla lakho lingafunda kanjani ukuba nomuzwa kwizindingo zaba nomzwangedwa phakathi kwethu na?
2. “Akusikho ukuthi ngisho maqondana nokuswela, ngokuba mina ngifundile ukuba nganeliswe noma ngihlezi kanjani” (Fil. 4:11, NKJV). Funda ingqikithi ebanzi yamazwi kaPawule lapha. Singafunda kanjani ukusebenzisa Lokhu kithina na? Kusenjalo, kungani kumele siqikelele indlela esicaphuna ngayo lesisahluko kothile osebuhlungwini ngempela na?
3. Eklasini, khulumani ngesikhathi owadlula ngaso kumzwangedwa. Yini eyakusiza na? Yini eyakuphatha kabi na? Yini owayifunda engaba wusizo kwabanye na?